

It starts with a story...

Our treasure

Everyone in South Africa who loves stories, knows the name Gcina Mhlophe!

October is the birth month of this great story warrior. So, in this edition of the Nal'ibali Supplement, we honour her passion and commitment to telling the stories of Africa and encouraging children to be readers and writers of stories, which she has done for many decades. "My people named me Gcinamasiko which means 'keeper of heritage'," explains Gcina. "I wear this name like a blanket and I honour it with my being."

So, who better to explain the importance of stories than Gcina! Here are her words, taken from the "Author's Note" in her story collection, *Stories of Africa*.

“ My grandmother was the first person to tell me stories. She encouraged my imagination to run wild, and I really believed in those laughing crocodiles and flying tortoises that she told me about. I loved her tales about the scary *amaZimzim* – the man-eating ogres – and many more fantastic creatures.

Because of the way my grandmother told those stories to me, I learnt at a very young age to love language and to understand its power. Many of the stories I tell are taken from well-known traditional tales that the people of Africa have been telling each other since the world began. Some of these stories from my childhood I have found in stories told and written in many other parts of the world. This is proof to me of the way in which people have always tried to make sense of life's mysteries and used stories to explain them to each other.

Is there still room for these ancient stories in our lives today? I say, "Yes!" Because any of these stories can be retold in different ways, so that it is possible for people of different ages and cultures to find what they need in it.

One of my favourite stories is about the woman who went down to the bottom of the sea to look for stories to bring back for the human world. I have told this tale to audiences in different countries all over the world, and so many times I have had the response: "You know, that story has made me realise that to find the answers I am looking for in my life, I need to look deep inside myself. I must search the depths of the ocean that is my own heart and soul." Now what does a storyteller say to that? ”

Dr Nokugcina Mhlophe, we salute you!

Find out more about *Stories of Africa* on page 3.

Igugu lethu

Wonke umuntu othanda izindatshana eNingizimu Afrika, uyalazi igama likaGcina Mhlophe!

UMfumfu yinyanga yokuzalwa kwaleli qhawekazi elikhulu. Ngakho, kulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali, sihlonipha intshisekelo nokuzinikela kwakhe ekuxoxeni izindaba zase-Afrika nokukhuthaza izingane ukuthi zibe ngabafundi nababhali bezindaba, yena asekwenze amashuminyaka amaningi. "Abantu bakithi bangetha bathi nginguGcinamasiko okusho ukuthi 'umlondolozo wamafa'," kuchaza uGcina. "Leli gama ngiyalembatha njengengubo futhi ngilihlonipha ngobumina uqobo."

Ngakho-ke, ngubani ongachaza kangcono ngokubaluleka kwezindaba ngaphandle kukaGcina! Nawa amazwi akhe, athathwe engxenyeni "Amazwi Omlobi" eqoqweni lakhe lezindaba, elithi *Zimnandi Ngokuphindwa*.

“ Ugogo wami kwakungumuntu wokuqala ukungixoxela izinganekwane. Wavula umqondo wami wangikhuthaza ukubona izinto ngamehlo engqondo: ngaze ngazibona ngempela lezo zingwenya ezihlekayo nezimfudu ezindizayo ayekhuluma ngazo. Ngangizithokozela ngisho izinganekwane zakhe ngamaZimuzimu esabekayo – abantu ababedla abanye abantu – nezidalwa eziningi ezenza imigilingwane.

Ngenxa yendlela ugogo ayengixoxela ngayo lezi zindaba, ngasheshe ngafunda ngisemncane ukujabulela izilimi nokuwaqonda amandla azo. Eziningi kulezi zindaba engixoxayo zithathwe ezinganekwaneni ezaziwayo ama-Afrika ayexoxelana zona kusuka esikhathini sasendulo. Ezinye zalezi zindaba ngizazi ngiseyengane ngizithole ezindabeni ezaxoxwa zabhalwa ezindaweni eziningi emhlabeni. Lokhu kuyangicacela ukuthi ngempela abantu kade babezama ukuchazalana izinto ezidida imiqondo ngokuthi basebenzise izinganekwane.

Ingabe isekhona nje indawo yalezi zinganekwane kulezi zikhathi zanamuhla? Mina ngithi "Yebo!" Ngenxa yokuthi noma yiziphi kulezi zindaba zisengaxoxwa ngezindlela ezehlukene, okuzokwenza ukuthi abantu abadala nabancane, abantu bezinhlanga ezehlukene umhlaba wonke, bathole noma yini abayidingayo kuzo.

Enye yezinganekwane engizikhonze kakhulu ngeyomfazi owahamba waya ekujuleni kolwandle eyofuna izinganekwane khona azoziphakela bonke abantu emhlabeni. Le nganekwane sengayixoxela abantu abaningi kumazwe ngamazwe omhlaba kanti kukaningi bezwakala sebethi: "Uyazi, le ndaba yenza kucace kimina ukuthi uma ngifuna izimpendulo ezithize ngezinkinga engibhekene nazo, kungakuhle ngibheke ekujuleni kwangaphakathi kimi. Kumele ngifune ekujuleni kolwandle olukweyami inhliziyo." Pho-ke umxoxi wezindaba angathini ngalokho? ”

Dkt Nokugcina Mhlophe, sikwethulela isigqoko!

Thola okunye futhi mayelana ne-*Zimnandi Ngokuphindwa* ekhasini lesi-3.



INSIDE!

★ Read a story by Gcina Mhlophe and then read the story of her life!

NGAPHAKATHI!

★ Funda indaba ebhalwe nguGcina Mhlophe bese ufunda indaba yempilo yakhe!



Drive your imagination

Join us. Share stories in your language every day.
Hlanganyela nathi. Yabelana ngezindaba ngolimi lwakho nsuku zonke.



Story stars



South Africa's star storyteller

Gcina Mhlophe is probably South Africa's best-known storyteller. She has travelled all over the world to tell stories – and she is also an author, poet, playwright, director and performer! Since 1988, Gcina has been holding storytelling workshops in libraries and schools across the country. She tells stories in English, Afrikaans, isiXhosa and isiZulu. But that is not all ...

Gcina has worked tirelessly for the past 11 years running the "Nozincwadi Mother of Books Literacy Campaign" to help make South Africa a reading nation. She is deeply committed to keeping the art of storytelling alive and to inspiring children to read.

Who told you stories when you were a child?

My grandmother.

When did you start telling stories and to whom did you tell them?

First I shared them with my school friends and then with the children I took care of as a nanny for a few months. I began storytelling more seriously when I told stories in libraries and museums during a trip to the USA as an actress and director.

Where do you get the stories from?

The stories I tell are from long ago or I hear them on my international travels. Of course, since I am a writer, I write new stories too!

Do you prefer reading fiction or non-fiction?

Both – all I need is a story that is well told.

My favourite place to read is ...

my bed and in airports when I travel.

What languages do you read in?

Mostly English, but also isiZulu and isiXhosa, especially poetry.

The greatest lesson that I learnt from a book or story was that ...

an author's voice can jump up from the page and straight into my heart! Some of the authors that have done this for me are Isabel Allende, Alice Walker, AC Jordan, Sindiwe Magona, Paulo Coelho, Maya Angelo and Mariama Ba.

Every child should read ...

Haroun and the Sea of Stories by Salman Rushdie.

When my daughter was younger, her favourite picture book was ...

So much! by Trish Cooke and Helen Oxenbury. For a while we talked about the characters in the book as if they were our family friends – especially Uncle Didi.

When and where did you read to your daughter?

All the time and all over the place – in the garden, in bed! She loved books and stories from the start.

What language/s did you read to her in?

IsiZulu and English – it was such fun! Her father read to her in German.



nguDaniel Born

Gcina telling a story at the launch of Nal'ibali's Story Bosso in 2017.

UGcina exoxa indaba ngenkathi kwethulwa i-Story Bosso kaNal'ibali ngowezi-2017.

Abavelele ezindabeni

Umxoxi wezindaba ovelele waseNingizimu Afrika

UGcina Mhlophe angase abe ngumxoxi wezindaba owaziwa kakhulu eNingizimu Afrika. Usehambe umhlaba wonke eyoxoxa izindaba – futhi ubuye abe wumbhali, imbongi, umbhali wemidlalo yeshashalazi, umqondisi kanye nomlingisi! Ukusuka ngowe-1988, uGcina uphatha izinkundlakucobelelana zokuxoxa izindaba emitasheni yezincwadi kanye nasezikoleni ezweni lonkana. Uxoxa izindaba ngesiNgisi, isiBhunu, isiXhosa nesiZulu. Akugcini lapho ...

UGcina usesebenze engakhathali iminyaka eyi-11 edlule eqhuba umkhankaso we-"Nozincwadi Mother of Books Literacy Campaign" ukusiza ukwenza iNingizimu Afrika ibe yizwe elifundayo. Uzinikele kakhulu ekugcineni ubungcweti bokuxoxa indaba buqhubeka nokugquzela izingane ukuthi zifunde.

Ngubani owayekuxoxela izindaba ngenkathi useyingane?

Ugogo wami.

Waqala nini ukuxoxa izindaba futhi wawuzixoxela obani?

Okokuqala ngabelana ngazo nabangani bami basesikoleni emva kwalokho nezingane engangizinakelela njengomzanyana izinyanga ezimbalwa. Ngaqala ukuxoxa izindaba ngokuzimisela okukhudlwana ngenkathi ngixoxa izindaba emitasheni yezincwadi nasezindaweni ezigcina amagugu ngesikhathi ngisohambeni eMelika njengomlingisi nomqondisi wemidlalo.

Uzithatha kuphi izindaba?

Izindaba engizixoxayo ziphuma esikhathini sasemandulo noma ngizizwe ezinkambweni zami zamazwe ngamazwe. Kanti phela njengoba ngingumbhali nje, ngiyazibhala futhi izindaba ezintsha!

Uncamela ukufunda izindaba ezisuswa ekhanda noma ezethula amaqiniso?

Kokubili – engikudingayo nje yindaba exoxwe kahle.

Indawo yami engiyithandayo yokufunda ...

umbhede wami kanye nasezikhumulweni zezindiza ngenkathi ngihamba.

Yiziphi izilimi ofunda ngazo?

Ikakhulu isiNgisi, kodwa futhi isiZulu nesiXhosa, ikakhulu izinkondlo.

Isifundo esikhulu engasifunda encwadini noma endabeni kwakungukuthi ...

izwi lombhali lingaxuma lisuke ekhasini liqonde ngqo enhliziyweni yami! Abanye bababhali abakwenzile lokhu kimi ngo-Isabel Allende, Alice Walker, AC Jordan, Sindiwe Magona, Paulo Coelho, Maya Angelo kanye noMariama Ba.

Yonke ingane kufanele ifunde incwadi ethi ...

Haroun and the Sea of Stories ebhalwe nguSalman Rushdie.

Ngenkathi indodakazi yami isencane, incwadi yayo eyikhonzile yezithombe kwakuyilena ...

So much! kaTrish Cooke noHelen Oxenbury. Esikhathini eside sasixoxa ngabalingiswa abasencwadini sengathi babengabangani bomndeni wakithi – ikakhulukazi u-Uncle Didi.

Wawuyifundela nini futhi kuphi indodakazi yakho?

Ngaso sonke isikhathi nakuyo yonke indawo – engadini, embhedeni! Wayezithanda izincwadi kanye nezindaba ukusuka ekuqaleni.

Wawuyifundela ngaluphi ulimi/ngaziphi izilimi?

NgesiZulu kanye nangesiNgisi – kwakuthokozisa kakhulu! Uyise wayeyifundela ngesiJamane.

When I speak of Gcina, my heart gets filled with joy. I met her in the early eighties at the Market Theatre. Today she is my little sister, but she is an elder at the same time, because of the wisdom she possesses. Her gift comes directly from the ancestors. The true history of who we are, has been passed down through storytelling since centuries back. If you listened in the way Gcina did, you would find that stories equip us with knowledge, education, preparation and warnings. Gcina is the keeper of our traditions, our history, our pride and our future. She is the ultimate matriarch who knows no boundaries. *Halala Maz'anethole. You have wings. Young people, here is a leader to follow!*
Dr John Kani, actor, director and writer




Uma ngikhululuma ngoGcina, inhliziyoyi yami igcwala injabulo. Ngahlangana naye kusaqala iminyaka yawo-1980 eMarket Theatre. Namuhla ungunadawethu omncane, kodwa ungomdala ngesikhathi esifanayo, ngenxa yokuhlakanipha anakho. Isiphiwo sakhe sivala ngqo kokhokho bakhe. Umlando oyiqiniso wokuthi thina singobani, wedluliselwe ezizukulwaneni ngezizukulwane ngokuxoxa izindaba ukusuka eminyakeni engamakhulu emandulo. Uma ulalala ngendlela uGcina enza ngayo, uzothola ukuthi izindaba zisihlomisa ngolwazi, imfundo, ukuzilungiselela kanye nezexwayiso. UGcina ungungcini wesintu sakithi, umlando wethu, ukuziqhayisa kwethu kanye nekusasa lethu. Uyindlovukazi yangempela engazi mingcele. *Halala Maz'anethole! Unezimpiko. Bantu abasha, nangu umholi wokulandelwa!*
UDkt John Kani, umlingisi, umqondisi nombhali



Drive your imagination

The Na'ibali bookshelf



Ishalofu lezincwadi lakwaNa'ibali

Gcina Mhlophe has had her writing – plays, short stories, poems and children's books – published all over the world. Here are some of the children's books she has had published in South Africa.



UGcina Mhlophe ukwazile ukuthi imibhalo yakhe – imidlalo yeshashalazi, izindaba ezimfushane, izinkondlo kanye nezincwadi zezingane – ishicilelwe umhlaba wonke. Nazi ezinye zezincwadi azishicilele eNingizimu Afrika.

Stories of Africa

Illustrators: Various

Publisher: University of KwaZulu-Natal Press

This collection of ten stories offers a feast of enjoyment. The enchanting tales are steeped in the richness of the African oral tradition and are illustrated by a variety of artists. *Stories of Africa* is a South African classic available in all eleven official languages.



Zimnandi Ngokuphindwa

Abadwebi: Bahlukahlukene

Umshicileli: University of KwaZulu-Natal Press



Leli qoqo lezindaba eziyishumi lisinikeza idili lentokozo. Lezi zindaba ezihehayo zinongwe ngomcebo wobuciko bomlomo base-Afrika kanti zinemidwebo edwetshwe ngamaciko ahlukahlukene. U-*Zimnandi Ngokuphindwa* yincwadi engasoze yabuna yaseNingizimu Afrika etholakala ngazo zonke izilimi ezisemthethweni eziyishumi naye.

Hi, Zoleka!

Illustrator: Elizabeth Pulles

Publisher: Songololo

Ignoring the cheery calls of her friends, Zoleka makes her way to church with her family. Along the way, she practises the words of the verse she has to recite for the Palm Sunday service. But will she remember them when she has to say the verse in front of the whole congregation? This story for young readers is available in English, isiXhosa and isiZulu.



Sawubona, Zoleka!

Umdwebi: Elizabeth Pulles

Umshicileli: Songololo

Eshaya indiva abangani bakhe abambiza ngokujabula, uZoleka uhamba uqonda esontweni nabomndeneni wakhe. Esendleleni, uzejwayeza amazwi evesi okumele awasho ngekhandla enkonzweni yamaSundu. Kodwa ngabe uzokwazi ukuwakhumbula uma sekufanele asho leli vesi phambi kwebandla lonke? Le ndaba yabafundi abasebancane iyatholakala ngesiNgisi, isiXhosa nesiZulu.





The Singing Chameleon

Illustrator: Kalle Becker

Publisher: Songololo

Over time, Chameleon comes to believe the cruel words his community shout at him. But fate intervenes – he meets a lark and an old man who set events in motion that transform him. *The Singing Chameleon* is an inspirational and compelling retelling of a Malawian tale. It is available in English, isiXhosa, isiZulu, Sesotho and Afrikaans.



UNwabu Oluculayo

Umdwebi: Kalle Becker

Umshicileli: Songololo



Ngokuhamba kwesikhathi, uNwabu uyakholwa ngamazwi amabi umphakathi wakhe owasho kuye. Kepha inhlanhla iyangenelela – uhlangana nenyoni, ingqomfi, kanye nekhehla abanyakazisa izinto ezimququlayo. *UNwabu Oluculayo* yindaba yaseMalawi exoxwe kabusha ekhuthazayo nehehayo. Iyatholakala ngesiNgisi, isiXhosa, isiZulu, isiSuthu nesiBhunu.

Our Story Magic

Illustrators: Various

Publisher: University of KwaZulu-Natal Press

This collection features well-known and original stories told by South Africa's renowned storyteller, Gcina Mhlophe. The stories are beautifully illustrated by a variety of local artists. Although this book has been available in English for some time, it is now available in all eleven official languages.




Umlingo Wezindaba

Abadwebi: Bahlukahlukene

Umshicileli: University of KwaZulu-Natal Press

Leli qoqo lihlanganisa izindaba ezaziwayo nezingezendabuko ezixoxwa wumxoxi wezindaba odumile waseNingizimu Afrika, uGcina Mhlophe. Izindaba zidwetshelwe kahle imidwebo ngamaciko ahlukahlukene aleli lakithi. Nakuba le ncwadi ibitholaka ngesiNgisi isikhathi eside, manje isiyatholakala ngazo zonke izilimi ezisemthethweni eziyishumi nanye.



Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep picture books, *Sun and Moon* (pages 5, 6, 11 and 12) and *The journey of the mother of books* (pages 7, 8, 9 and 10), as well as the Story Corner story, *Skycatcher* (page 14). Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.



Sun and Moon

Sun and Moon live happily together with their children, the Stars. Sun loves exploring the world he lives in, and one day on one of his journeys, he invites the Sea to visit his home – and that changes everything. If you are using this story with younger children, they may enjoy it more if you tell them the story rather than reading it to them.

- ★ Suggest that your children create a miniature scene from the story in a small cardboard box or on a lid. They could use playdough as well as recycled materials (like straws, matchboxes and bottle tops) and natural materials (like small stones and leaves) to do this.
- ★ Encourage your children to draw their favourite part of the story and to then write the words of that part of the story underneath their picture.
- ★ Ask your children to help you write the beautiful poem that Sun wrote after he had gone looking for his family and couldn't find them.
- ★ If you run a reading club, invite the children to retell the story in their own way by acting it out in groups. Or, suggest that the children create and act out a TV news report about one or more of the events in the story.

The journey of the mother of books

This is a short, illustrated biography of the life of Gcina Mhlophe. It begins with a poem that captures the way she inspires others to be storytellers and writers.



- ★ Before you begin reading, look at the front cover of the book with your children and let them comment on it. You may need to explain to them that a biography is the story of someone's life written by another person. An autobiography is the story you write about your own life.
- ★ After you have finished reading, ask your children to think of one or two questions that they would want to ask Gcina if they met her.
- ★ Let your children use sheets of paper and string (or a stapler) to make blank books. Then let them turn the books into autobiographies of their own lives.

Skycatcher

One rainy day, Josh decides to make a kite. The next day he goes outside to fly the kite with his friends. But the wind is so strong that the kite flies away – higher and higher up into the sky!



- ★ Let your children design their own kites. Ask them questions to help them get started – for example: What shape will you make your kite? What materials could you use to make it? How could you decorate it?
- ★ Have fun with your children by blowing up balloons and then letting them go. (Don't tie a knot at the end of the blown-up balloon.) Watch how they fly all over the place as the air escapes!
- ★ In the story, Neo wears a hat made of newspaper. Give your children newspaper, cello tape, scissors and string and challenge them to make an object using these materials.

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amanye amacebo okusebenzisa izincwadi zezithombe ezimbili ozisika uzikhiphe bese uzigcina, ethi *ILanga NeNyanga* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12) kanye nethi *Uhambo lukaNozincwadi* (amakhasi 7, 8, 9 nele-10), kanjalo nendaba yeKhona Lezindaba, *USosibhakabhaka* (ikhasi 15). Khetha imiqondo ehambisana kangcono neminyaka yobudala bezingane zakho kanye nalokho ezikuthandayo.



ILanga NeNyanga

ULanga noNyanga babehlala ngokujabula ndawonye kanye nezingane zabo, iZinkanyezi. ULanga wayethanda ukuhlola umhlaba ahlala kuwo, kwathi-ke ngelinye ilanga ekolonye lwezinkambo zakhe, wamema uLwandle ukuthi amvakashele ekhaya lakhe – lokho kwaguqula yonke into. Uma ngabe le ndaba uyisebenzisa nezingane ezincanyana, zingase ziyithokozele kakhudlwana uma uxoxela indaba kunokuthi uzifundele yona.

- ★ Phakamisa ukuthi izingane zakho zenze isigcawana esithathwe endabeni ebhokisaneni lekhadibhodi noma esivalweni. Zingasebenzisa inhlama yokudlala kanye nezinto ezilungiselwe ukusetshenziswa kabusha (njengezintshumo zokuphuza, amabhokisana kamentshisi nezivalo zamabhodlela) kanye nezinto zemvelo (njengamatshe amancane namacembe) ukwenza lokhu.
- ★ Khuthaza izingane zakho ukuthi zidwebe ingxenye eziyithandayo yendaba bese zibhala amazwi aleyo ngxenye ngaphansi kwezithombe zazo.
- ★ Cela izingane zakho ukuthi zikusize ubhale inkondlo enhle uLanga ayibhala ngemuva kokuba esehambile wayobheka umndeni wakhe akangawuthola.
- ★ Uma uphethe ithimba lokufunda, mema izingane ukuthi zixoxe kabusha indaba ngendlela yazo ngokuyilingisa ngamaqembu. Noma, phakamisa ukuthi izingane zakho ziphinde zilingise umbiko wezindaba zikamabonakude mayelana nesigameko esisodwa noma ngaphezulu endabeni.

Uhambo lukaNozincwadi

Lena yibhayografi kaGcina Mhlophe emfushane, edwetshelwe imifanekiso. Iqala ngenkondlo ekhombisa indlela afakela ugqozi ngayo abanye ukuze babe ngabaxoxi bezindaba nababhali.

- ★ Ngaphambi kokuthi uqale ukufunda, bheka ikhava yangaphambili yencwadi nezingane zakho bese uzidedela ziphawule ngayo. Kungase kudingeke ukuba uzichazele ukuthi ibhayografi yindaba yempilo yothile ebhalwe ngomunye umuntu. I-othobhayografi yindaba oyibhala ngempilo yakho.
- ★ Ngemuva kokuthi usuqede ukufunda, cela izingane zakho ukuthi zicabange ngombuzo owodwa noma emibili ebezingathanda ukuyibuza uGcina uma zihlangana naye.
- ★ Izingane zakho mazisebenzise iziqephu zamaphepha kanye nentambo (noma umshini wokuqhanela) ukwenza izincwadi ezingabhalwe lutho. Emva kwalokho maziguqule izincwadi zibe ngama-othobhayografi azo.

USosibhakabhaka

Ngelinye ilanga lina imvula, uJosh unquma ukwenza ikhayithi. Ngakusasa uphumela phandle ukuze ayondizisa ikhayithi lakhe nabangani bakhe. Kodwa umoya unamandla kakhulu ngendlela yokuthi ikhayithi liyandiza liqhele – liye phezulu, phezulu esibhakabhakeni!

- ★ Izingane zakho mazizenzele awazo amakhayithi. Zibuze imibuzo ukuzisiza ukuthi ziqale – ukwenza, isibonelo: Ngabe ikhayithi lakho uzolenza libe yisimo esinjani? Uzosebenzisa izinto ezinjani ukulakha? Ungalilobisa kanjani?
- ★ Jabula nezingane zakho ngokufutha amabhaluni bese niwadedela ahambe. (Ungabophi ifindo ekugcineni kwebhaluni elifuthiwe.) Bhokani ukuthi andiza kanjani eya le nale ngenkathi kuphuma umoya obufuthiwe!
- ★ Endabeni, uNeo uthwala isigqoko esenziwe ngephephandaba. Nikeza izingane zakho iphephandaba, ithephu yokunamathisela, izikelo kanye nentambo bese uziphonsela inselelo yokuthi zenze okuthile zisebenzisa lezi zinto.


Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.




Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozosisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



“Well – now that you mention it – our house is not very big really. I will have to do something about that. I will come and tell you when we have enlarged our house, then you and your children are all welcome to visit,” said the Sun, and he rushed off back home. He told his family that he had invited the Sea to come and visit them. There was so much work to be done, breaking and rebuilding the house to make it extra large – more than double its original size. And the walls had to be much higher too, said the Sun, to hold all of the Sea’s many children. Once they had finished the house then they got to the food preparation, cooking many pots full of every kind of food imaginable. When everything was ready, the Sun rushed off to call the Sea. He was so excited for her to meet his lovely wife and children. “Hey, Sea! The time is here! We are ready for you. Come on over!” he called happily. The Sea had been waiting and she wasted no time. She whoooooooshed and whaaaaaaed over the hills and over the mountains, following the Sun further and further inland. The journey continued until the Sun arrived at home and called excitedly to his family, “Look ... over there! Sea is coming closer!” And yes, indeed, they could see the Sea from a long way off, whooshing closer at great speed. Over the forests, “Whoooooosh!” Over the valleys, “Whoooooosh!” Faster and faster. Water and more water everywhere. She was getting closer. She was almost at the front door when the Moon looked up and saw that, even though the Sea had begun to arrive, the rest of her was still over there, as far as the Moon’s eyes could see! Oh, the land was completely covered in the Sea’s water.



“Sun and Moon” is reproduced from *Our Story Magic* by Gcina Mhlophe with the permission of the author and the publisher, UKZN Press.
 “ILanga NeNyanga” ikhiqizwe kabusha isuselwa encwadini kaGcina Mhlophe ethi, *Umlingo Wezindaba* ngemvume yombhali kanye nabashicileli, abakwa-UKZN Press.


Nalibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNalibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininigwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi






“Hmmm, njengoba usho kanjalo sengyabona – indlu yethu ayinkulu kangako. Ngizobuya ngizokutshela uma sesiyinwabile bese wena kanye nabantwabakho nistavakashela,” kwasho uLanga ephuthuma ekhaya lakhe. Waxoxela umndeni wakhe ukuthi uye wamema uLwandle ukuba abavakashela. Wawumningi umsebenzi okwakufanale wenziwe. Kudliza kwakhwa indlu ukuze ibe nkulu kakhulu – ngokuphindwe kabili kunobukhulu nokuphakama kwayo kokugala. Lonke ubonda kwakufanale luphakame futhi, kwasho uLanga, ukuze lukwazi ukuhlala uLwandle nezingane zakhe zonke. Kwathi sebedlele ukwakhela indlu bagala ukubalungiselela ukudla Babephela ngamabhodwe amakhulu izinhlobo zakho konke ukudla ongakucabanga. Kwathi konke sekumi ngomumo uLanga waphuthuma ukuyobiza uLwandle. ULanga wayjabule kakhulu ngoba wayfisa ukuthi uLwandle azobona umkhakhe omuhle kanye nezingane zakhe. “Hey, uLwandle! Isikhathi sikhathi sikhathi ukuba uzosivakashela. Wozazi, sesikhulindlele!” wamemeza ngenkokozo. ULwandle owayevule esemlindlele akabange esachitha sikhathi. Wabaza, ehlokoma ega amagquma nezintaba elandela uLanga elibangise phakathi nezwe. Lolu hambo lwaphubeka uLanga waze wafika ekhaya lakhe lapho amemeza khona umndeni wakhe ngenkokozo: “Ake nibhake laphay! Nangu uLwandle eza esondela!” Nangempela bambona uLwandle eza kude ehlokoma ngesivimbi esesabekayo. Amathantala amanzi ayesegcwele yonke indawo lapho uLwandle esondela. ULwandle wayesemnyango lapho uNyanga ephakamisa amehlo. Wamangala ukubona ukuthi nakuba uLwandle wayeseduze kangaka kodwa ingxenye yakhe enkulu yabe isasela kude le ebangeni elingena kulinganiswa! Yebo, ingxenye enkulu yezwe yabe yembozwe ngumzimba kalwandle ongamanzi konke lapho amehlo ayeinyela khona.



Gcina Mhlophe
 Jeannie Kinsler



She smiled. "Whoooooosh, whaaaaa! Whoooooosh, whaaaaa!"
 The Sun was quite captivated. On and on she went, shimmering
 and dancing in her own rhythm.
 "But I don't know you! Please tell me who you are!" pleaded the
 Sun in complete amazement.
 "I am the Sea, and I have been here since the beginning of time.
 I don't know what you mean when you say you have never seen
 me before," she replied, smiling and moving her large body in her
 unique way.
 And then she showed him her many, many children who all
 lived in her body – the dolphins, the sharks, turtles, and many
 others. They peeped at the Sun and went back into the Sea's body,
 some of them smiling shyly, others commenting how very warm
 the Sun's rays were.
 Later that day the Sun went back home to tell his wife about all
 that he had seen. The children were mesmerised. They wished to
 see what he was telling them about. They were so curious, but the
 Moon listened to the excited telling – the happy way Sun described
 the Sea – and she hardly made a comment. Only "Ummm" (very
 quietly to herself).
 The next time the Sun went to visit the Sea they talked about his
 extremely beautiful wife and children.
 "I wish you could meet them all; they are so very special,"
 Sun said.
 "That would be wonderful. Maybe I will meet them one day,"
 replied the Sea.
 "Hey! Wait a minute! I have an idea. Why don't you come and
 visit us tomorrow?" asked the Sun excitedly.
 "I would love to, but how big is your house? As you can see, I
 am a fairly large woman," the Sea replied.



When he finally fell asleep again, Moon and the Stars
 woke up and travelled all over the world, having new
 adventures every day. They even saw the Sea going back
 to her home at the Ocean and leaving some of her water
 children in new rivers and lakes.

So it was that the Sun moved in the day and Moon
 and her children, the Stars, moved at night. For many
 weeks, months, and years they missed each other. But
 Sun and Moon's love for one another was too strong to
 die; they longed for each other every day.

And from time to time they steal a few moments to
 be together in a tight and hot embrace. People call it an
 eclipse, but it is the rare chance that Sun and Moon have
 to be together. They throw a dark cloak over the world
 because they don't want any humans watching.


Cosi, cosi, iyaphela.

Here I rest my story.



In 1979, Gcina left home for Johannesburg where she worked as a domestic worker in different people's homes. But this work did not interfere with her writing – she even started writing in English too.

Ngowe-1979, uGcina wafutshela ikhaya walibhekisa eGoli lapho asbenza khona njengomakakeli wasezindlini emakhaya abantu abahlukene. Kodwa lo msebenzi awuzange ukuphazamise ukubhala kwakhe – wagala ngisho nokubhala ngesiNgisi.



She went to Mfundisweni Senior Secondary School in a village called Mfundisweni Mission. This is where she started writing folktales and rhymes in isiXhosa. She matriculated in 1979.



Waya eMfundisweni Senior Secondary School emzini obizwa ngokuthi yiMfundisweni Mission. Yilapha-ke aqala khona ukubhala izinganekwane kanye nemilolozelo ngesiXhosa. Wathola umatshelsheni ngowe-1979.

Uhambo lukaNozincwadi: Ibhayografi kaGcina Mhlophe

The journey of the mother of books: A biography of Gcina Mhlophe

Cebo Solombela Moses Dhladhla



Ihambo kaNozincwadi yincwadi ephunyeleliswe yi-Ezabantsundu Writers Network (EWN). Sisebenza nababhali abahlukene ukukhiqiza izincwadi ezimnandi, ezinikeza ulwazi kanye nezifundisayo ngezilimi zesintu. Ukuthola okwengeziwe mayelana ne-Ezabantsundu Writers Network, sithumelele iyimeyili ku-infor.ewn@gmail.com noma usivakashele ku: [Ezabantsundu Iincwadi](#) [Ezabantsundu Writers Network](#)

Ihambo kaNozincwadi was made possible by Ezabantsundu Writers Network (EWN). We work with different writers to produce fun, informative and educational literature in indigenous languages. To find out more about Ezabantsundu Writers Network, email us on infor.ewn@gmail.com or visit us on: [Ezabantsundu Iincwadi](#) [Ezabantsundu Writers Network](#)



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi






Mama Gcina Othandekayo
 Anginawo amazwi anele okukubonga.
 Ngifisa ukuthi ngabe nginemilomo eyizinkulungwane.
 Ngifuna ukuthi nje, ngiyabonga, Mama.
 Ukuhlanguana nawe kukhuthaze ukuzethemba
 nokukholelwa kimina uqobo.
 Ngesinye isikhathi ngangilingabaza ikhono
 engilinkwe wuMdali
 Bengicabanga ukuthi ngiphila ezweni lamaphupho,
 ngoba akukho namunye emndenini
 owayekhohlelwa kwengikwenzayo.
 Keph' ukusekelwa engakuthola kuwe,
 kwanginik' amandla.
 Ngiyabonga, mzali wami, ngokuba
 yisibonelo
 kithina zihlahla ezisakhula.
 Ngiyabonga ngokunginika ithemba njalo
 nokungikhumbuza ukuthi kwaBekezela
 kukhona uMvuzo.
NguCebo Solombela



A little later, Gcina did a cadet journalism course at Rhodes University in Grahamstown, Eastern Cape. She also did a short course in film-making and started working as a news reader for Press Trust, the BBC Radio Africa Service and the Zimbabwe Broadcasting Corporation (ZBC). And she didn't stop there – she wrote for *Learn and Teach* magazine.

Ngokuhamba kwesikhathi, uGcina wenza izifundo ezintatheli zobuntatheli ngengethwaswa lalokhu eNyuvesi yaseRhodes eGrahamstown, eMpumalanga Kapa. Waphinde wenza izifundo ezimfushane zokwenza amfilimu wayeseqala ukusebenza njengomfundi wezindaba kwabakwaPress Trust, Izinhlelo Zokusakazela I-Afrika ze-BBC kanye neZokusakaza ZaseZimbabwe (ZBC). Futhi akagcinanga lapho – wabhalela iphephabhuku elithi, *Learn and Teach*.



Nazi izincwadi zezingane zikaGcina ezimbili nezaziwa kakhulu athola ngazo imiklomelo: *Queen of the Tortoises* kanye nethi, *Sawubona, Zoleka!*
 Ngowe-1987 uGcina wathola Umklomelo Womlingiswa Ovelele we-OBIE ngeqhaza lakhe emdlalweni othi, *Born in the RSA*. Ngowe-1988 wabalulwa njengoMlingisikazi Ovelele eMiklomelweni kaJoseph Jefferson eChicago ngokulingisa kwakhe emdlalweni othi, *Have you seen Zandile?*
 UGcina uhlonishwe ngeziqu zobudokotela yinyuvesi i-London Open University kanye neNyuvesi YaKwaZulu-Natali. Uyaqhubeka ukubhala izincwadi nokuba wumkhankaseli wokubhala nokufunda.


Here are two of Gcina's well-known children's books that she has received awards for: *Queen of the Tortoises* and *Hi, Zoleka!*

In 1987 Gcina received the OBIE Best Actress Award for her role in *Born in the RSA*. In 1988 she was named Best Actress in the Joseph Jefferson Awards in Chicago for her role in *Have you seen Zandile?*

Gcina has been awarded honorary doctorates by the London Open University and the University of KwaZulu-Natal. She continues to write books and be a literacy campaigner.

Ngowe-1981, kwashicilelwa incwadi yokugala kaGcina yesiNgesi ethi, *My Dear Madam*. Le ncwadi yayikhuluma ngezinkinga nezinselo ayehlangebezane nazo njengomsobenzi wasezindlini eGoli. Ngalesi sikhathi, wayesevele eqalile ukubhala izindaba zezingane.

In 1981, Gcina's first book in English, *My Dear Madam*, was published. This book spoke about the difficulties and challenges that she faced as a domestic worker in Johannesburg. By this time, she had already started to write children's stories.



Ngowe-1998 uGcina wasebenza ohlelweni lweNhlangotho Yokusakaza Ngomoya YaseNingizimu Afrika olubizwa ngokuthi, *Gcina and friends*. Ukusuka ngowezi-2005 kuya kowezi-2006, wethula olunye uhlelo lukamabonakude okuthiwa yi-*Zindala zombili*. Kwathi ngowezi-2016, wabamba iqhaza efilimini ethi, *Kalushi*, emayelana nempilo kaSolomon Mahlangu.



In 1998 Gcina worked on a television show for the SABC called *Gcina and friends*. From 2005 to 2006, she presented another SABC television show called *Zindala zombili*. And, in 2016, she took part in the movie, *Kalushi*, which is about the life of Solomon Mahlangu.

Gcina grew up in the loving care of her grandmother. She enjoyed living with her aunt and her grandmother. Both of them told her stories and these inspired her to become the storyteller she is today. Most of the children in Gcina's area spent time at her house, listening to her grandmother's stories!

When Gcina was ten years old, she left Hammarsdale to live in the Eastern Cape.

Ugcina wakhulela ekunakkelweni okunothando kukagogo wakhe. Wakuthokozela ukubhala nobabekazi wakhe Kanye nologo. Bobabili babemxoxela izindaba kanti lokhu kwamfakela ugqozi ukuthi abe wumxoxi wezindaba awuyena namuhla. Iningi lezingane endaweni yakubo kaGcina zazichitha isikhathi endlimi yakubo, zilalela izindaba zikagogo wakhe!

Ngesikhathi uGcina esenceminyaka eyishumi yobudala, wayifulathela iHammarsdale wayohlala eMpumalanga Kapa.

Dear Mama Gcina
 I do not have enough words to thank you.
 I wish I had a thousand mouths.
 I just want to say thank you, Mama.
 Meeting you boosted my self-confidence
 and my belief in myself.
 I sometimes doubted my God-given talent
 I thought I was living in dreamland,
 because no one in my family believed in what I do.
 But the support that I received from you,
 gave me strength.
 Thank you, my parent, for being an example
 to us trees that are still growing.
 Thank you for always giving me hope
 and reminding me that in perseverance
 there is a reward.
Cebo Solombela





